

Intuthuko izobuzwa KwaMhlabuyalingana



UZOSULWA izinyembezi ngokwakhelwa indlu entsha uNkk Nomasimini Mthembu waseMboza, KwaMhlabuyalingana okwathi ngonyaka odlule wangenelewa ngabantu abangaziwa ebanjwa inkunzi endlini yakhe ewayo eyakhiwe ngoqalo *Isolezwe* elabika ngodaba lwakhe. Emuva kokuzwakala kwalesi sehlo, uNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu nemiSebenzi yoMphakathi uMnuz Ravi Pillay, uhambela le ndawo izolo eyokwethula uhlelo lwezindlu. Kuzokwakhiwa izindlu ezingu-4000 endaweni yeNkosi uMashabane okuzohlomula kuzo abantu bendawo abadonsa kanzima ngenxa yezindlu ezingahlelekile okudala ukuthi baphenduke ukudla kwezigebengu. UNgqongqoshe ubehambisana neMeya yaKwaMhlabuyalingana uMnuz Solomon Mkhombo.